# ABAKWA-SARS BABHEKE UBUCHWEPHESHE EKUNQANDENI UKUPHUNZA KWEMALI ENGENAYO EMBONINI KAGWAYI ONGEMTHETHO

**Pretoria, ngoLwesibili, 30 kuMbasa 2019 –** UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luqale izinyathelo ezimbalwa zokunqanda ukuphunza kwemali engenayo okubangelwa izinqubo ezingekho emthethweni nezingahambisi ngendlela efanele emnothweni ongemthetho.

Umnotho ongemthetho usuka emnothweni womshoshaphansi, osebenza ngaphandle kwemithetho nemithethonqubo yezwe kuya ebugebengiwini obuhleliwe kanti futhi kubandakanya uhwebo lwemikhiqizo okungemthetho.

INingizimu Afrika ilahlekelwa kakhulu emalini engenayo ngentela yempahla i-Excise revenue ngenxa yokunyuka kokukhiqizwa, ukuphakela kanye nokudayiswa kwemikhiqizo engemthetho eyibanjelwa ntela lempahla. Ukuphendula kule nselela, abakwa-SARS baqale inqubo yokulwisana nalezi zenzo ezingemthetho nezikhombisa ukungathobeli ngokuthi bathuthukise inqubomgomo, bathuthukise izinqubo futhi basebenzise ubuchwepheshe obuhamba phambili ukuze bafake uphawu olwehlukile emikhiqizweni, ukuze baqinise ukuphoqelela baphinde baqinisekise ukulawula ukuthengiswa kwezimpahla.

Abakwa-SARS bafuna ukwethula ubuchwepheshe bokufaka uphawu lokulandelela embonini kagwayi, okuzovumela isikhungo ukuba sikwazi ukuqapha ukuhamba kukagwayi usuka ezindaweni okhiqizwa kuzo uya kulezi odayiswa kuzo kanye/noma uhwebo lokungeniswa kwawo kuleli noma ukuthelekisa. Lobu buchwepheshe bakamuva obungaphazamisi kulindeleke ukuthi bulekelele kakhulu ukuqapha nokulawula intela yempahla kanye nezintela kule mboni.

Isibizo sokwenza umsebenzi wokuhlinzekwa kwesisombululo sokuSingathwa koMkhiqizo nokuwuLandelela - Production Management and a Track and Trace solution kukagwayi sesishicilelwe kusizindalwazi sakwa-SARS.

Uphiko olusungulwe kabusha kwa-SARS i-Illicit Economy Unit iqale ukusebenza ngemisebenzi yokuphoqelela enamandla esisabalele esizindeni somphakathi, lube luqhubeka nokuphenya okusha nokuyingqophamlando esizindeni sokuPhoqelela.

Ngemibuzo: Xhumana ne-sarsmedia@sars.gov.za noma noSandile Memela ku-082 8003750.